

Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek





basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGENZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2022

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80	
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40	
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30	
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.
10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Ngasizwa Ukungavumi. [50]
- 1.2 Izinto Abantu Abangazazi Ngami. [50]
- 1.3 Ungambukeli Omunye Umuntu Phansi. [50]
- 1.4 Ubuhle Nobubi Bokuba Yingane Ezelwe Iyodwa Kubo. [50]
- 1.5 Izingane Ezifunda Ezikoleni Ezinobulili Obuxubile Zifunda Kangcono Yini Kunezinobulili Obufanayo? [50]

Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.7



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Ugogo wakho akalitholanga ithuba lokufunda ngenkathi esakhula. Ube esefunda ngasese (part time) wase ezuza iziqu zokuba ngummeli.

Bhalela ugogo wakho **incwadi** umhalalisele ngalezi ziqu azitholile.

[30]**2.2 UKUBUYEKEZA/ISIBUYEKEZO**

Emtatsheni wolwazi (library) ufunde incwadi/ibhuku olizwe limnandi, wafisa sengathi nabanye bangalifunda.

Bhala **ukubuyekeza/isibuyekezo** saleli bhuku.


[30]**2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Isigungu sabafundi (RCL) sasesikoleni sakho besinomhlangano mayelana nodaba lokwanda kwabafundi ababhema insangu esikoleni ngezikhathi zekhefu (break times).

Bhala **i-ajenda namaminithi omhlangano** njengoba unguNobhala walesi sigungu.

[30]**2.4 INHLOLOKHONO/I-INTHAVYU**

UZethu ubizelwe inhlolokhono/i-inthavyu yomsebenzi ayefake isicelo sawo enkampanini yokwenza imishini esetshenziswa uma ungena esangweni ukubheka ukuthi abantu abangeni nezinto ezingafanele ezikhungweni ezahlukenene.



Bhala **inhlolokhono/i-inthavyu** ephakathi kukaZethu, uMnu. Zondi oyi-CEO kanye nemenenja uDkt. Kubheka.

[30]**AMAMAKI ESQEPHU B:****30**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.


3.1 IFLAYA

Uziqalele ibhizinisi lokwenzela abantwana besikole ukudla okunempilo bese ubahambisela esikoleni ngesikhathi sekhefu.

Bhala **iflaya** ozokwazisa ngayo umphakathi.

[20]**3.2 UMYALEZO OMFISHANE (WhatsApp)**

UBanathi ufunda umyalezo omfishane (WhatsApp) ovela kuZakhele.



Bhala impendulo yomyalezo omfishane (WhatsApp) uBanathi awubhalele uZakhele.

QIKELELA: Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini uma ubhala impendulo.

[20]

3.3 **IMIYALELO**

Ngonyaka ozayo (2023) udadewenu uzoya kofunda enyuvesi, ucele ukuthi umyalele zonke izinto azozidinga efulethini azobe ehlala kulona.

Bhala **imiyalelo** ozoyinika udadewenu ukuze akwazi ukuhlala kahle efulethini ngesikhathi efunda.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100